INGCULAZI

NEGAZI

Ingculazi ibangwa igciwane uma lingena egazini liyanda emzimbeni. Igciwane libulala amasosha omzimba lapho-ke akusekho ukuvikeleka ezifweni. Isiphetho ukufa. Ukufa kungathatha izinyanga noma iminyaka, kodwa akukho ukulapheka kwaso. Ingculazi ingakubulala uma ingena egazini.

Uma uthola ingculazi, ukufa kuyeza. Kodwa-ke kukhona into esebenzayo emzimbeni njenga manje. Ibulala kakhulu kunengculazi. IBhayibheli likubiza ngokuthi isono, futhi isegazini lakho. Isono sangena ezweni ngendoda yokuqala, uAdamu, futhi sidlulele kuwena. "**Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile.**" (KwabaseRoma 5:12) Futhi iBhayibheli lithi, "**Ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu.**" (Roma 3:23)

Lalela isixwayiso sikaNkulunkulu ngesono. "**…umphefumulo owonayo uyakufa.**" (uHezekeli 18:4). "**Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa…**" (KwabaseRoma 6:23) "**Ababi bayakubuyela endaweni yabafileyo…**" (Amahubo 9:17) "**Ukufa neHayidese kwaphonswa echibini lomilo. Lokhu kungukufa kwesibili, ichibi lomilo.**" (iSambulo 20:14) Ingculazi ingawubulala umzimba wakho, kodwa isono sizolahla umphefumulo wakho esihogweni. Akukho ukulashwa kwengculazi, kodwa kukhona ukulashwa kwesono.

EBhayibhelini igazi lidingeka ukukhokhela isono. "**…kuyigazi elenza ukubuyisana nomphefumulo.**" (uLevitikusi 17:11) "**… ngaphandle kokuchitha igazi akukho ukuthethelelwa.**" (kumaHeberu 9:22)

Igazi lethu lingcoliswa isono, ngakho-ke ngeke likwazi

ukunikelwa ukususa izono zethu. Kodwa-ke igazi likaJesu, iNdodana kaNkulunkulu lingasusa zonke izono zakho, ngoba akanaso isono, futhi igazi lakhe limsulwa. 1KaJohane 3:5 lithi "**… wabonakaliswa, ukuze asuse izono; akukho-sono kuye.**"

"**Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni uKristu wasifela.**" (KwabaseRoma 5:8) "**Esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono…**" (KwabasEfesu 1:7) "**…igazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.**" (1 KaJohane 1:7)

UJesu wanikela ngegazi lakhe ukuhlanza izono zakho, futhi wavuka kwabafileyo ukukunika insindiso. 1 KwabaseKorinte 15:3-4 lithi, "**… uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo, nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo.**" UJesu "**owanikelwa ngenxa yeziphambeko zethu, wavuswa ngenxa yokulungisiswa kwethu.**" (KwabaseRoma 4:25)

Yilokhu iBhayibheli elikushoyo okufuneka ukwenze ukuze usindiswe. Okokuqala, kufanele uphenduke ezonweni zakho. "**Ngalokhu phendukani, niguquke ukuba kuhlanjululwe izono zenu.**" (iZenzo 3:19) Okwesibili, kufuneka ukholwe ukuthi uJesu wafela izono zakho. "**… Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena…**" (iZenzo 16:31) Okwesithathu, kumele wamukele uJesu njengoMsindisi wakho ngokukholwa. "**Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe-ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.**" (ngokukaJohane 1:12) Okokugcina, udinga ukumbiza ngomthandazo. "**Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa**

enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube-ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube-ngukusindiswa." (KwabaseRoma 10:9-10)

Umukela insindiso kanye kuze kube-phakade. Umukela kanye kuphela ngoba uma ngabe usumamukelile uNkulunkulu uthi, "**... Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya.**" (KumaHeberu 13:5) Insindiso eyangunaphakade, ngoba uJesu yena wathi, "**Ngizinika ukuphila okuphakade, azisoze zabhubha naphakade; akakho ongazihlwitha esandleni sami.**" (ngokukaJohane 10:28)

Noma ngabe awukaze uyithole ingculazi angeke ukubalekele ukufa. Ngelinye ilanga uzofa. Ukulindele ukuhlangana noNkulunkulu emva kokufa na? Ngabe usesezonweni zakho, noma zahlanzwa ngegazi likaJesu? IBhayibheli lithi, "**... ozayo kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.**" (ngokukaJohane 6:37) Woza kuJesu manje.

FELLOWSHIP TRACT LEAGUE
P.O. BOX 164 • LEBANON, OH 45036
www.fellowshiptractleague.org © Tract 8716 (Zulu)
All tracts free as the Lord provides. Not to be sold.